

Isifundiso

Ukununisa kweNkomo ngabalimi abancane eZimbabwe



We Effect was created by the Swedish cooperative movement in 1958. It is an international NGO with its HQ in Stockholm Sweden. Its development cooperation is founded on the principle on the principle of help for self help and thrives towards the vision of a world free from poverty and injustice. We Effect works with partners of mostly member based organizations to ensure members empower themselves with knowledge and skills to alleviate poverty and injustice. We Effect works in various countries globally with Regional offices in Southern Africa, East Africa, Latin America and Eastern Africa and works in the sectors of sustainable rural development, habitat and rural finance.



We Effect

Regional Office for Southern Africa
Zimbabwe Office
No 221 Fife Avenue
Harare, Zimbabwe
Tel: +263 4 707494
Email: info@weeffect.org
Website: www.weeffect.org/africa



Ukununisa kweNkomo ngabalimi abancane eZimbabwe

UGWALO LWESIBILI

*Izifundiso ezikulolu gwalo zithuthukisa ulwazi
lokufuywa kwenkomo zenyama*

@WE EFFECT, 2015

I-WE EFFECT ikhuthaza ukusetshenziswa, ukwandiswa lokuhanjiswa kolwazi olukulolugwalo. Ngaphandle kokuthi lapho kutshengisiwe, ulwazi olulapha kuvunyelwe ukuthi lungakopitshwa, luyatholakala ebulenjini, lungasetshenziswa ngotaditshayo, abachwayisisayo labafundisayo kumbe lakwezamabhizimusi kodwa okwenzayo lokhu angalibali ukuphawula ukuthi lolowazi luvele enhlanganisweni ye- WE EFFECT njalo linhlanganiso kayifuqanga imibono, impumela loba imizamo yabazabala lolugwalo.

ISBN No: **978-0-7974-6-6844-3**

Nanzelela : Imibono eyethulwe lapha ngeyabalobi, kayivezi imibono loba izimiso zenhlanganiso ye- UKAid loba eye-WE EFFECT, loba iExtra Consortium.

@We Effect Regional Office For Southern Africa.

Ugwalo lwakuqala
Ababhali: Yobe Mtonga, Maxwell Mwale lo Martin Sekeleti
Lwahlelwa ngu: Marjorie Chola Chonya
Luqoqwe ngu: Marjorie Chola Chonya, Martin Sekeleti lo Mwimba Mulenga
Lwalungiswa yi: Makewell Ethan Siwila
Lwadindwa yi: Acuet Media Ltd @ We effect Office for Southern Africa

Ugwalo lwesibili, Mfumu2015
Lwahlelwa ngu: Elijah Rusike

ISIBONGO

Lolugwalo olumayelana lokufuyela kwenkomo zenyama eZimbabwe lwaqoqwa ngabe We Effect njengohlelo lokuthuthukisa ukulima kanye lokufuya ngaphansi kohlelo olusekelwa ngezimali lugatsha lwe-Livelihoods and Foods Security Program kunhlanganiso ye-UKAID. Lolugwalo lukhangela konke okumayelana lokufuyela ukuzuza kwenkomo zenyama. Lubuya luthinte ngokuthengiswa kwenkomo zenyama leyo. Abalimi bengalusebenzisa lolugwalo ikakhulu lapho besebenza bengamaqembu abantu abayisikhombisa kusiya kwabalitshumi lanhlanu. Lungasetshenziswa ngabatsha labadala ngokufanayo lapho behlangana bexoxisana ngokufuya bekhokhelwa ngumthungameli abazikhethele yena. Abaphatheka kulawomaqembu bakhululekile ukuxoxa besebenzise lolwazi abalalo ngokufuya ukuze bandise ulwazi lwabo kusiya ngokuthi basilela ngaphi.

Ugatsha lwe-Livelihoods Food Security Programme (LFSP) ngolwelizwe le-UK enhlanganisweni ebizwa ngokuthi yi- International Development (DFID) olupha usizo lwemali kweleZimbabwe. Loluhlelo lukhangela luqondiswe yinhlanganiso yezokulima ku-United Nations i-Food Agriculture Organisation (FAO). Injongo yayo ebanzi yikuphungula udubo lokudla kanye lokwehlisa inani lalabo abangelamisebenzi abaswele okokwenza ezigabeni (provinces) ezikhetheleyo zelizwe leZimbabwe ezintathu. Isigaba sinye ngasinye silezigatshana ezimbili loba ezintathu lapho okulabakhokheli abazancedisa ekuqhubeni loluhlelo.

Iqula le-EXTRA:

I-Extension Training for Rural Agriculture (**EXTRA**) yethula louhlelo esigabeni se-Midlands ezigatshaneni ezintathu. Ilamaqula amathathu enhlanganiso ezisebenza zizimele zodwa elizweni (NGOs) amahlanu agoqela i-We Effect, Welthungerhilfe, HeiferInternational, ICRISAT, and CTDO). Injongo ye-EXTRA yikuthuthukisa ezokulima lokufuya ukuze ukudla okwakha umzimba kwengezelelwe lokutholisa abantu imisebenzi yezandla ezabalethela inzuzo. Lokhu kuzakwenziwa ngokuncedisa abalimi ukuthi bathole ulwazi lobuciko obaneleyo bokufuya. Ugwalo lolu lujonge ukupha abalimi ulwazi lapho bexoxisana ngokulotshiweyo besengeza futhi lapho okudingeka khona ngolwazi lwabo.

Isibongo esikhulu sidluliselwa kunhlanganiso ye-UKAid abancedisa ngemali ukuze kulotshwe kubuye kwethulwe lolugwalo.

UKUSETSHENZISWA KOGWALO LOLU

Lolugwalo lujonge ukusiza abalimi abafisa ukufunda ngamaqembu amancinyane ukuze bandies ulwazi lwabo ngokugcinwa kwenkomo. Lungabalwa njengamaqembu kumbe umuntu munye ngamunye. Kuyakhuthazwa ukuthi abafisa ukwakha amaqembu okuncedisana ngogwalo lolu baqale balubale umuntu munye ngamunye. Amalunga eqembu kudingeka axoxisane kanengi ukuze bancedisane ukuthola ulwazi.

Kuqakathekile njalo ukuthi iqembu libelabantu abayi abahlanu (5) kusiya kutshumi lanhlanu (15). Iqembu ngeqembu kalikhethe umkhokheli walo. Umkhokheli akusuye ofundisayo, kodwa uncedisa nje ukuthi abantu babelane ulwazi lwabo, njalo akudingeki abeyingcitshi ekufuyeni lokhu okufundwayo. Amalunga eqembu kumele avumelane ukuthi bahlangana nini njalo ngaphi. Isiqu sinye ngasinye kumele sifundwe sizwiswe kungakaqhubekelwa phambili kusiqu esilandelayo.

Ugwalo lolu luleziqu ezitshiyeneyo ezimisebenzi thize edinga ukwenziwa ngamalunga eqembu ukuze andise ukuzwisa kwawo. Umuntu munye ngamunye kabelogwalo lokubhalela losiba, kunye lokutshiyeneyo okudingakalayo lapho kufundwa. Kakubhalwe konke okwenzakala lapho kufundwa, kunye lezifundo ezitholakeleyo kumhlangano munye ngamunye.



TABLE OF CONTENTS

ISIQU 1	Ukuveza ngamafitshane imfundiso yeQembu lokufunda (Study Circle)	1
ISIQU 2	Imihlobo yenkomo zenyama ezivamileyo eZimbabwe	6
ISIQU 3	Ubuciko bokugcina lokukhulisa izifuyo	12
ISIQU 4	Ukugcinwa kwamathole	17
ISIQU 5	Ukukhangelwa kwenkomo mihla ngemihla	20
ISIQU 6	Ukunakekela inkomokazi ezingakazali	28
ISIQU 7	Ukudla kwenkomo	31
ISIQU 8	Ukudla kwenkomo okungasetshenziswa ngabalimi bebanga elincinyane	35
ISIQU 9	Ukugcina amadlelo	40
ISIQU 10	Kukunakekela impilakahle yenkomo zenyama	44
ISIQU 11	Imikhuhlane evamileyo eZimbabwe ememetheka lula phakathi kwenkomo	47
ISIQU 12	Imikhuhlane ethwalwa yimikhaza	54
ISIQU 13	Imikhuhlane ethwalwa yimikhaza evamileyo eZimbabwe	59
ISIQU 14	Izinambuzane, izibungwana zangaphakathi (<i>Internal Parasites</i>)	63
ISIQU 15	Izilonda enkomeni	67
UMTHAPHO		69

ISIQU 1

Ukuveza ngamafitshane imfundiso yeQembu lokufunda (Study Circle)



Injongo yesifundo.

- Ingabe iyini iStudy Circle?
- Kungani abadala kumele bafunde, njalo bangafuni njani lula?
- Ukusetshenziswa kwendlela yokufunda yeStudy Circle.
- Indingeko lokukhethwa komkhokheli weStudy Circle.
- Umsebenzi owesigombolozzi ngomsebenzi sokufunda kanye l lomkokheni waso.



Xoxa ngalokhu:

- Esigabeni sakho, ziyagcinwa na inkomo zenyama, uma kunjalo, ngobani abalimi abakhulu?
- Kusebenzani ukugcinwa kwenkomo zenyama?
- Kunceda ngani ukugcina inkomo zenyama?

1.1 Iyini iStudy Circle?

IStudy Circle liqula labantu elilomgomo wokufunda ndawonye. Bahlangana ukuthi babelane imiqondo engabapha amathuba okufunda okutsha, balolonge ubuciko babonjalo banelise ukuzithuthukisa. Bahlangana okuvamileyo bephatheke emsebenzini okhona njengo kufisa kwabo, kungela kuncindezelwa loba ukuncindezelana. Leliqembu libalemhlangano yokufunda ingwalo abazithakazelelayo. Kumhlangano le, abaphathekayo bahlangana ukuthi bafunde njalo babelane ngenkambo zabo.

KuStudy Circle, umsebenzi wakhelwe phezulu kwaleyimqondo:

- Abahlanganeli kumele babelokulangazelela ukufunda ngokujula mayelana lodaba thize, olubangaphathisa empilweni zabo.
- Uzibuse lenhlonipho kumqoka eqenjini.
- Ukukhulumisana kubalula kalokhu abaphatheki behlala benze isigombolozzi bekhangelene.
- Kubalengxoxo zokwabelana lokucubungula inkambo yomuntu munye ngamunye.
- Ingwalo izilolwazi oludephileyo ezifanele abaphatheki.
- Amalunga eqembu kudingeka aphaatheke ekuhleleni lekuqhubeni komsebenzi eqenjini.

Umsebenzi

- a) Buza ilunga leqembu linye ngalinye izizatho zalo zokubayingxanye yenhlanganiso le. Umuntu munye ngamunye kaveze akukhangelele ukufunda eqenjini leli.
- b) Xoxani ukuthi lezizifiso zingacwaliseka njani.



1.2 Bafunda njani abadala?

- Abadala bahlukile ebantwaneni ekutheni bafunda ngoba befisa, njalo belenjongo yokufunda. Balemgomo edinga ukugcwaliswa. Umzekeliso ngowokufisa ukufunda indlela ezintsha zokwandisa isivuno besebezisa ubuciko bokulima obungcono, ukuze imuli zabo zibelokudla okwaneleyo. Bangahlangana nje ukuthi baxoxisane ngohlupho olwehlele isigaba, lendlela zokuqondisa leli phutha.

NANZELELA:- Abadala bafunda ngcono nxa isifundo singesingsbaphathisa empilweni zabo.

Ekufundeni, abadala:

- Bakhangelela ukuhlonitshwa lokwamkeleka kwalokho abakwaziyo.
- Bathanda ukufunda ngesiqubu sabo, ngesikhathi lasendaweni lapho abezwa bekhululekile.
- Bafunda kuhle nxa bevunyelwe ukuthi bakhethe abafisa ukukufunda, indawo lesikhathi sokufunda.
- Balobumina thize bakuvikelayo, njalo abathakazeleli ukuthi imiqondo yabo ikhangelelwe phansi.
- Bafunda ngcono lapho kulemisebenzi yezandla, besanelisa ukwenza ngezandla zabo lokho abakufundayo.
- Bathakazelela ukuthola ulwazi kwabaye abebanga labo.

Ngakhoke, ukufunda abantu bezinga linye kuqakathekile ekuthuthukiseni izigaba kalokhu befunda besebenzisa indlela yokwabelana inkambo zabo.

Umsebenzi.

- a) Kunyanga eziyisithupha ezedluleyo, ukewacela imiqondo yokuzisiza kumakhelwane, umngane loba isihlobo?
- b) Leyimqondo yaba lusizo na?

1.3 Ukukhetha umkhokheli weqembu

Umkhokheli weqembu ukhethwa ngamalunga eqembu. Umkhokheli weqembu kumele kube ngumuntu othembekileyo njalo elobuciko bokukhokhela. Lowumkhokheli kumele aqeqetshiswe elwazini lwengqubo yezifundo zeqembu. Kumqoka ukuthi umkhokheli axhaswe ngamalunga eqembu ukuze umsebenzi uphumelele.

Umkhokheli kumele abelokulandelayo:

- Ulwazi lokubumba imigomo.
- Ulwazi lokukhuthaza abanye ukuthi bafinyelele imigomo yabo.
- Ubuciko bokuhlela abantu ukuze benze umsebenzi thize okhangelelweyo.

Umsebenzi.

- a) Njengeqembu, lobanin phansi okukhangelelwaeyo emuntwini ozakhokhela iqembu lokufunda.

Nanzi izibonakaliso zomuntu olobuciko bokukhokhela abantu:

- Ukwanelisa ukusebenza kuhle labantu abatshiyeneyo bevela endaweni ezahlukeneyo.
- Ukuthembeka lokukhuluma kuphela iqiniso ekukhokheleni abantu.
- Ukungavezi ukuthi yena mkhokheli nguye ololwazi ukwedlula abanye.
- Ukungaphangi ukuba lolaka.
- Ukugcina ubuso obuthambileyo lanxa sekuvuke ingxabano phakathi kweqembu.
- Ukwanelisa ukukhuthaza amalunga eqembu lokuqalisa ingxoxo phakathi kwamalunga eqembu.
- Ukukhululeka ukwamkela imiqondo yabanye abangamalunga eqembu.
- Ukwanelisa ukulalela lapho abanye bekhuluma.
- Ukubala lokulungiselela izifundo lezozifundo zingakenziwa.
- Ubuciko bokufinqa okumqoka ezifundweni zosuku.
- Uthando lokusebenza labantu, lokuthandwa ngabantu abakhokhelwayo.
- Ukuvumela abantu bakhululeke babe lozibuse eqenjini.

1.4 (Umsebenzi) womkhokheli weqembu

Imisebenzi yomkhokheli weqembu yile elandelayo:

- Ukwakha indlela zokufunda ezikhuthaza abaphatheki ukuthi badinge ulwazi ngalokho okufundwayo.
- Ukuphatheka eqenjini kunye lamalunga eqembu.
- Umkhokheli kudingeka axoxisane lamalunga eqembu ebakhuthaze ukuthi baphume lamacebo okuthuthukisa iqembu.
- Ukuhlanganisa abantu banelise ukusebenza ndawonye, njalo bezizwe bemukelekile.
- Kumele aqinise amalunga eqembu, angabikho ozikhangelela phansi.
- Ukukhuthaza amalunga ukuthi benze izinqumo mayelana lokufundiweyo, lokusebenzisa empilweni lokho okufundiweyo.
- Ukukhuthaza ukusebenza ndawonye kungela kuphikisana okungatheli izithelo.
- Ukuba lobungcitshi ekudingeni ulwazi oludingakalayo ezifundweni, inqe engageqetshanga kuzo.
- Ukukhokhela amalunga ekuxoxeni ngemibuzo ephuthume ezifundweni, eqonqosela ukuthi impendulo zibhalwe phansi.

Umsebenzi

- a) Anduba isimilo lemisebenzi yomkhokheli weqembu isixoxiwe, khethani ke umkhokheli weqembu.

1.5 Umlandu wamalunga eqembu

Umsebenzi.

Mlandu bani elikhangelele ukubalayo njengamalunga eqembu.

Tholani amathuba okwazana njengamalunga eqembu lincedisane ukudinga ulwazi. Ilunga linye ngalinye kumele lizwisise njalo lamukele umthwalo elilawo wokusebenzisa inkambo yalo ukuthuthukisa iqembu. Umqondo welunga kumele wamukelwe ubengoweqembu lonke. Lokhu kunceda ukwandisa ulwazi lweqembu lokukhuthaza amalunga ukuthi aphaatheke.

Amaqembu wonke okufunda kudingeka akhuthaze ukusebenza ndawonye, asiphune umoya wokuncintisana. Umthwalo wokuphumelela loba ukwehluleka kweqembu kumele ube ngowelunga linye ngalinye.

Umsebenzi eqenjini lokufunda ugoqela:

- Ingwalo lokutshiyeneyo okujonge ukuphathisa ekufundeni.
- Ubuciko bomkhokheli weqembu.
- Ulwazi lenkambo yamalunga eqembu.

1.6 Ukulungisela izigaba zezifundo

Izifundo zingakaqalisi, kumele kubelokuvumelana phezulu kwalokhu okulandelayo:

- Indikimba yendaba lokuhlelwa kwezifundo - Lizafunda mayelana lani?
- Indawo yomhlangano - Lizahlangana ngaphi ukuze liqhube izifundo?
- Imithwalo - Umuntu munye ngamunye kumele abehlelelwe umsebenzi thize.
- Ukunxuswa kwabalobungitshi edabeni olufundwayo - Zingaba nzima izifundo, ngubani ololwazi ozaphathisa?
- Imigomo ebekiweyo iyafinyelelwa na?
- Ingwalo zokufunda - Ulwazi olujulileyo ngodaba olufundwayo lungatholakala ngaphi?

ISIQU 2

Imihlobo yenkomo zenyama ezivamileyo eZimbabwe



Injongo

- Ukuzwisisa ukuqakatheka kokugcina inkomo ezifaneleyo.
- Ukuzwisisa ukuqakatheka kokugcina inkomo zenyama.
- Ukwazi imihlobo yenkomo zenyama efuywayo eZimbabwe.
- Ukukhetha umhlobo wenkomo oqondileyo wokufuya.



Ingxoxo

- Ukufuya inkomo zenyama kuphathisa njani umdeni wakho?
- Kungani ucabanga ukuthi ukugcina inkomo zenyama kungakulethela imali enhle.
- Menhlobeni yenkomo zakho.
- Abalimi abanengi bagcina inkomo zenyama ukuze bagcine imali yabo, kulokuthi bagcinise leyi mali ebhanga. Kwabanye, sekwaba ngumkhuba nje othathwa kubazali lakubokhokho. Kwabanye njalo ukufuya inkomo kubapha isizotha esigabeni, babonakale njengabaphumelelayo. Inkomo zenyama ziqakathekile ekwandiseni inotho yeZimbabwe lasekupheni abaninizo ukudla. Abalimi abafuya ngokwezinga elincinyane yibo abandileyo ebantwini abagcina inkomo, besenza iqula elingange 75-80% labalimi beZimbabwe.

2.1 Zigcinelwani inkomo zenyama?

Kulezizatho ezimbalwa zokugcina inkomo. Ezinye yilezi yikuthi inkomo:

- Zinika umninizo isizotha.
- Zingathengiswa umuntu azuze imali, kukanti zingathengwa zigcinwe endaweni yokugcinisa imali ebhanga.
- Ziyasiza ekulimeni lasekudonseni izikotshikala.
- Zipha ukudla okugoqela inyama lochago.
- Zililifa ebantwini abagcina inkomo bezigcinela ukuphila.
- Ziyaphathisa ekukhipheni amalobolo.
- Ziyasetshenziswa emadilini atshiyeneyo.

2.2 Imihlobo yenkomo evamileyo eZimbabwe

2.2.1 Imashona



Umfanekiso wenkuzi lenkomo ensikazi yomhlobo weMashona.

Imbali yomhlobo wenkomo iMashona

Imashona yazakala ngamabizo agoqela la: Makalanga, Kalanga, Makaranga, Ngombenga Vakaranga, Shona Mashuk, le Mashukulumbwe. Inkomo ezazifuywa ngamaShona iMakalanga ihambelana lalezi ezifuywa ngamaTonga kathesi. Ngokuswelakala kwenhlanhla, lezinkomo zaqedwa ngumkhuhlane omkhulu wenkomo ngemnyaka ka 1896-98 langemnyaka ka 1900-06. Ngakhoke inkomo ezazisele (iMakalanga) zahlanganiswa lomhlobo weAngoni. Inkomo ezilesimo esihle yizo ezazivame ukuthengwa, ngakhoke ngemva kwesikhathi, kwanda inkomo ezingumhlobo omuhle oqinileyo. Lowu mhlobo yiwo owabizwa ngokuthi yiMashona. Lowumhlobo wande empumalanga, lasenkabazwe yeZimbabwe kusiya entshonalanga endaweni zeMidlands, Matebeleland North (Lupane leTsholotsho), kusiya kumngcele weMozambique, lase zindaweni zeMatebeleland South, ikakhulu eMatopo Hills.

Umhlobo weMashona ngamafitshane

IMashona ngumhlobo wenkomo olesimo esincinyane, olomzimba obumbeke kahle njalo uqinile, ulesikhumba esixubaniswe umbala omnyama lobomvu. Ezinye inkomo zilombala ongumthubi, olithanga lomhlophe, ezinye ziyimbala le ixubanisiwe. Umbala omnyama uhlangene lomthubi yiwo ojayekekileyo. Abafuya iMashona bona bathakazelela ikakhulu imbala ejiyileyo, ikakhulu omnyama. Inkomo zalumhlobo zandise ukuba lesisindo esingange 275-350kg.

Ingxoxo

- Kumhlambi yethu yenkomo silawona lowumhlobo wenkomo na?
- Nxa silawo, lowumhlobo siwufuya kahle endaweni ezilomumo womkhathi onjani?

Okugqamileyo ngomhlobo wenkomo iMashona

- Lezinkomo zikhula kahle lanxa zifuywe endaweni etshisayo, elempukane lemikhaza.
- Ziyanelisa ukuzalana lasendaweni elomkhathi omileyo njenga seAfrica.
- Ezinsikazi zizala okwebanga elide mpela, lamathole azelweyo akhula kahle.
- Akudingakali imali enengi ukugcina lezinkomo njalo ziyanelisa ukuphila kuhle endaweni ezinengi ezilomumo otshiyeneyo.
- Zidla utshani kanye lamahlamvu lapha lalapha.
- Zikhula ngesikhatshana nje, njalozilenyama enengi lapho sezihlatshelwe ukudla.
- Ukudla ezikudlayo kulutshwana lapho siqathanisa lenyama etholakala kizo, ngakho ziletha imali enengi ukwedlula imihlobo iTuli, iAfrikaner leBrahman.

2.2.2 Ituli



Umfanekiso otshengisa inkunzi lenkomo ensikazi ezingumhlobo weTuli.

Imbali yeTuli

Umhlobo wenkomo iTuli uphuma kumhlobo iSanga oweza ezansi yeAfrica ngeminyaka ezinkulungwane ezimbili edlulileyo. iTuli iphuma kumihlambi eyanelisa ukwejayela umkhathi omileyo weningizimu Zimbabwe. Lona ibizo elithi Tuli livela kubala elithi “thuli”, liveza umumo womkhathi omileyo olothuli olunengi lapho lezinkomo ezivame khona. iTuli itholakala emazweni amanengi aweAfrica, ikakhulu iBotswana leSouth Africa.

Ukuchaza ngamafitshane iTuli

Ituli zinkomo ezilomzimba ophakathi nje ezitholakala eAfrica. Zilethambo elilesisindo mpela, impondo ezinde ezichayayo lenyawo ezinde eziqinileyo. Zizalana lula, zanelise njalo ukujayela lula imumo etshiyatshiyeneyo, kukanti zipha inyama enhle kakhulu. Izikhumba zazo zivame ukuba ngezombala obomvu, oluthuli lomhlophe. Inkunzi ziba lesisindo esingange 750-1000kg, ezinsikazi zona ziyi 450-550kg.

Ingxoxo njengeqembu

- Emhlambini yethu ukhona lumhlobo wenkomo na?
- Nxa ukhona, ufuywa kuhle endaweni elomumo womkhathi onjani?

Impawu zomhlobo wenkomo iTuli

- Zizalana ngobunengi ziphinde zikhule kahle, lanxa zingekho emadlelweni amahle okuyangaphi.
- Amathole kandisanga ukuba lohlupho lokufa lula, kukanti zona ezinsikazi zikhulisa kahle amathole azo.
- Azibambi lula imikhuhlane yenkomo.
- Ziyanelisa ukuzidingela amadlelo, ngakhoke zifuywa lula endaweni ezomileyo.
- Zipha inyama enhle mpela.

2.2.3 Inkone

INkone ngumhlobo wenkomo ongabe wavelela enyakatho Africa iminyaka eyi8000 eyedlulayo. Lezinkomo labaninizo bahamba beqonde ezansi, bachapha umfula uZambezi ngeminyaka 590-700AD. EZimbabwe, iNkone(Manguni) yiwo umhlobo osunanzelelwe ungumhlobo owawusazakala ngokuthi “iMatebele”. Abalimi abalima ngokwebanga elincinyane, labalimi abakhulu abalimela ukuthengisa bayazifuya lezinkomo ezansi yeZimbabwe.

Ukuchaza ngamafitshane iNkone



INkone ilesimo somzimba ophakathi lembala eyahlukeneyo. Loba imbala etshiyeneyo ivamile, ejayelekileyo ngemnyama, emhlophe, eluthuli, ebomvu, lehlanganisa imbala le etshiyeneyo. Amakhala, amehlo lendlebe yikho okwande ukuba lembala egqamileyo, umsila ubusiba lamatshathathatha. Ikhanda libanzi phezulu kwamehlo, isiphaqa sibengani lugebhezi oluhlangana lapho okuqala impondo. Impondo zichayile, ezenkuzi ziphinde ziphothane, indlebe zincinyane. Inkunzi zilesisindo se 600-800kg, ezinsikazi zibe yi 350-500kg.

Impawu zeNkone

- Zizalana lula emumeni womkhathi ohlukuluzayo.
- Zikhula masinyane ziphange lokulungela ukuzalana.
- Zidinga ukudla lula, zisidla utshani lamahlamvu ezihlahla lapho zihambahamba.
- Azihlukuluzwa yimkhaza lemikhuhlane ebangelwa yimkhaza.

- Azihlukuluzwa ngumumo womkhathi otshisayo.
- Ziba lamathole lula, agcinwe kahle lawomathole; ngakho zihlanganiseka lula lenkuzi zemihlobo emikhulu epha inyama.
- Zithambile nje, azila laka.
- Inyama eziyiphayo inhle, njalo zilochago olunengi.
- Zilesikhumba esihle esisebenziseka lula ukwenza impahla zesikhumba.

Ingxoxo yeqembu

- Silawo na lowumhlobo wenkomo emihlambini yethu?
- Nxa silawo, ufuywa lula endaweni ezinjani?

2.2.4 Iafricander

Imbali yomhlobo weAfricander

IAfricander ivelela eSouth Africa. Lowu mhlobo wavezwa eZimbabwe ngesikhathi sombangazwe ngabalimi belungu ababehamba hamba eAfrica. Kucatshangwa ukuthi lowumhlobo waqalwa yikuxubanisa amaHottentots leAlentejana yesiPhuthukesi.



UKuchaza iAfricander ngamafitshane

Lowumhlobo uphawulwa yingemuva ethambemeyo. Ipha inyama enhle ekhangelekayo. Inkomo ensikazi ilesisindo se 630kg, inkunzi zona ziyi 900kg. Umbala ovamileyo ngobomvu. Elithanga lengumthubi ikhona njalo. Impondo zichaya zisiya emaceleni, ziqala ziqondile, ziphethe seziphothene. Inkunzi zona zilamalunda agqamileyo.

Impawu zeAfricander

- Zilochago olunganeli ukuthengisa, lwanela kuphela amathole.
- Ezinsikazi azizali okuyangaphi.
- Zipha inyama enengi.

Umumo olungele iAfricander

IAfricander yejayele umumo womkhathi wezansi Africa. Lumhlobo uvamile eZimbabwe kubalimi abafuyela ukuthengisa.

Inkunzi ilesisindo esingange 745kg

ensikazi yona iyi 525kg

Amathole ande ukuzalwa eyi 33 kusiya ku 35kg

Amathole alumulwa eyi 270kg anduna, kuthi ansikazi eyi 255kg.

Ingxoxo yeqembu

- Mingaki imihlobo oyaziyo kuleyi exoxiweyo.
- Yiyiphi ejayelekileyo esigabeni sakho?
- Qamba imihlobo oyigcinayo.
- Leyimhlobo iyahambelana na loyaziyo?



Ubuciko bokugcina lokukhulisa izifuyo



Injongo yemfundo.

- Ukuzwisisa ukuqakatheka kogcina kahle izifuyo, lokwenza umhlobo wenkomo ube lempawu ezinhle.
- Ukuzwisa okumqoka lapho kukhethwa inkunzi lenkomo ezinsikazi.
- Ukuzwisisa okumqoka lapho kuqunywa impondo zenkomo.
- Umfundi kumele athole ulwazi lokufuywa kahle inkomo, lesikhathi somnyaka esilungele ukufuya.



Ingxoxo

- Xoxani ngamafitshane indlela zokwenza umhlobo wenkomo ubelesimo esihle.
- Bhalani indlela ezisetshenziswa ngabalimi ukuhloza inkomo ukuze benze imihlobo yenkomo engcono.
- Inkunzi zikhethwa njani?
- Ezinsikazi zona zikhethwa njani?
- Kukhangelwani nxa kukhethwa inkomo zokubulala ukuze umhlambi uphunguke?
- Qathanisani impendulo zenu njengamalunga eqembu.
- Xoxani ngendlela ezijayekileyo, liqathanisa lalezi elizibhalileyo.

3.1 Indlela zokwenza imihlobo egcono eZimbabwe

Abalimi bathanda ukugcina inkomo ezinhle ukuze bazihloze bathole umhlobo omuhle wenkomo zenyama. Lokhu kutsho ukuthi ikhona indlela abayisebenzisayo ukukhetha zona kanye inkomo ezinhle. Kuqakathekile njalo ukuthi abalimi babelendlela yokuphungula inkomo ezingakhuli kuhle.

Ukukhethwa kwenkunzi lenkomo ensikazi

Ukukhethwa kwenkuzi lenkomo ezinsikazi kwenzelwa ukuthi umlimi asale lenkomo ezinhle esibayeni. Nxa kukhethwa inkomo, yilokhu okukhangelwayo:

- Inkomo ezikhathwayo kumele zibe lempawu ezinhle ukwedlula amaphutha azo, njalo zibe lenyama elungele imakethe.
- Ukuthi amathole azelweyo akhula kanjani, ukuthi ayafika isisindo esikhangelelweyo lapho ekhithwa embeleni.
- Amathole kumele agcine umbala womhlambi ukuze kungabi lembala etshiyatshiyeneyo emhlambini.
- Impawu zomhlambi ezikhangelelwe ngabathenga lezinkomo kumele zihlale zikhona.
- Inkunzi akumelanga kube ngezibalamathole amakhulu kakhulu enza ukuzala kwezinsikazi kubenzima.

- Isimo kumele sibe ngesihle esibukekayo, inkomo ibe lenyama nje enengi, ibengenelisa ukuzala lula njalo ibelempondo nxa kukhengelelwe ukuthi umhlambi owenziwayo ubelempondo.

Nxa kukhethwa inkomo, imiqondo yonke le exoxiweyo kumele ikhangelwe.

Ukukhetha inkomo zokubulala ukuze umhlambi uphunguke

Ukukhetha kwande ukubanzima kubalimi abalima ngebanga elincinyane kalokhu besibalohlupho lwenkomo ezingazaliyo. Banengi abalimi abagcina inkomo ezala ngemva kweminyaka efika emine, le nkunzi ezingazakaliyo lokuthi ziyamithisa na ngoba sezilesikhathi zingela nzalo. Inkomo zenyama zandise ukubulawa nxa amadlelo engasaneli, nxa kulamadili thize loba izimfa, kumbe umdeni usudinga imali yezinto thize ezinjengo kubhadalela abantwana imali yesikolo.

Kungakhathalekile izizatho zokuphungula inkomo, bulala zonke inkomo:

- Ezandise ukuswela.
- Inkunzi zonke ezingamithisiyo. Inkunzi ezinje zidla imali enengi kalokhu zigciniwe kodwa zingakhulisi isibaya.
- Amathokazi azalo angamaphahla ngesikati.
- Ezinsikazi esezigugile lanxa zizala ithole umnyaka ngomnyaka. Lokhu kungenxa yokuthi lamathole avame ukuzalwa elesisindo esincinyane, aphinde ehluleke ukukhula okuyangaphi.
- Inkomo ezibonakala zilolaka kalokhu zandise ukwehluleka ukukhulisa kuhle amathola njalo zisiba ludubo kubelusi.
- Inkomo ezileTB leminyane imikhuhlane engathelelwa ezinye inkomo emhlambini.

3.2 Indlela lezikhathi zokuhloza inkomo ukuze zibe ngumhlobo omuhle

Ingxoxo njengeqembu

- Ndlela bani ezisetshenziswa esigabeni sakho zokuhloza inkomo, zisiba lempumela yiphi imihle lemibi?

Isiqalo / Isingeniso

Abalimi abanengi babalohlupho lokukhetha indlela lezikhathi sokuhloza inkomo kalokhu inkunzi lezinsikazi zisidla emadlelweni manye ngesikhathi sinye umnyaka wonke.

Lanxa kunjalo, umlimi kumele akhethe indlela yokuhloza inkomo zakhe ukuze athole umhlobo omuhle ozamlethela imali enengi. Injongo enkulu kaloba yiwuphi umlimi yikufuya inkomo ezilempawu ezibukekayo, ezipha inyama esuthisa lowo ozayithenga. Njengabalimi bebanga elincinyane, injongo yenu enkulu yikugcina inkomo ezikhula okumangalisayo, ezikhula lula kumumo lapho ezifuyelwa khona. Nanzi indlela ezijayelekileyo zokuhloza inkomo eZimbabwe.

Ukuzalisana imihlobo ehlukeneyo (Cross breeding)

Lokhu yikuhlanganisa inkomo zemihlobo etshiyeneyo, njengo kuhlanganisa inkunzi yeBrahman lensikazi eyiNkone. Injongo yalokhu yokuthi amathole abelempawu ezinhle ezivela kubazali bobabili.

Ukuzalisana inkomo zomhlobo munye (Inbreeding)

Lokhu yikuhlanganisa inkomo ezilobuhlobo obukhulu, kungabe kungubaba lomntwana, umama lomntwana, loba inkomo ezivela kubazali banye. Kuleyindlela akudingakali inkunzi kalokhu yonale ekhona ingasetshenziswa ukumithisa inzalo yayo ensikazi. Lokhu kusiza ukugcina impawu ezinhle eziphakathi komhlambi. Leyindlela ayikhuthazwa kubalimi abalima ngebanga elincinyane kalokhu ibangela ukuvama kwenkomo ezincinyane ezipha inyama enlutshwana, njalo kusandisa ukumemetheka kwemikhuhlane ephakathi komhlambi egacina ingaselapheki.

Ukuzalisana komhlobo otshiyeneyo emhlambini munye

Kuhlanganiswa inkomo ezingela buhlobo ngitsho kodwa zingezomhlambi munye. Lokhu kuqakatheke ekutheni kugcina impawu ezinhle lombala ofanayo kulowomhlobo wenkomo.

Indlela zokumithisa inkomo

Ukuhlangana kwenkunzi lenkomo ensikazi (Natural Breeding)

Lokhu yikuhlanganisa inkomo ensikazi esilungele ukumitha, eyanelisa ukuba lenzalo lenkunzi ukuze kuzalwe amathole. Leyi yiyo indlela yakade yokuzalwa kwamathole njalo yiyo evame ukusetshenziswa ngabalimi bebanga elincinyane eZimbabwe. Leyindlela idinga ukuthi konke inkunzi lensikazi kubesesisigabeni sokwanelisa ukuba lenzalo. Lokhu kwaneliseka kuphela nxa inkomo zisidla kahle njalo zikhethwe kahle lezinkomo ezihlanganiswayo. Kudingeka njalo ukuthi inkunzi ifinyelele iloba yiphi inkomokazi elungele ukuzala.

Ukusetshenziswa kwenhlanganyelo yenkunzi (Artificial insemination)

Inhlanyelo yenkunzi iyathathwa ilungiswe igcinwe phakathi kwemihlanga ehlonywa kusibeletho senkomokazi nxa isilungele, ithelwe inhlanyelwe ukuze imithe inkomokazi. Leyindlela idinga umuntu olobuciko bokubutha inhlanyelo lokuyibeka kwensikazi ngezikhathi eziqondileyo ukuze imithe inkomokazi. Lanxa ilempumela emihle, ibanzima ukusebenzisa leyindlela kubalimi bebanga elincinyane.

Kuyakhuthazwa kodwa ke ukuthi lapho uguqukela ekubeni ngumlimi webanga elikhulu usebenzise leyindlela kalokhu iletha amathole ngokuphangisa. Ukusebenzisa leyindlela kuyadingeka ulwazi lokugcina inhlanyelo endaweni eqanda mo, okungange $-196 \text{ degrees celcius}$. Kudingeka njalo imitshina ezasetshenziswa ngulo ozabeka inhlanyelo.

3.3 Izikhathi zokuzalisa

Lesi khathi sikhethwa ngumlimi ukuze inkunzi lenkomokazi kuhlangele ngenjongo yokuthola amathole. Inkomokazi ibasesikhathini kanye emalangeneni ayi21, lapho eyamukela lula inkomo enduna. Ngalesosikhathi inkomokazi iyaveza impawu thize, umlimi abesekhetha lapho afisa khona inkomo zakhe zimithe. Kungaba yisikhathi somqando, sokutshisa, iloba yisiphi isikhathi somnyaka.

Ukuzalisa umnyaka wonke

Ingxoxo njengeqembu

- Okubi lokuhle ukuzalisa inkomo umnyakawonke?

Lokhu kuvame kubalimi bebanga elincinyane kalokhu kubapha amathuba okwenza eminye imisebenzi lapho inkomo zikhokhelelwe khatshana emadlelweni. Imvama yikutshiya inkunzi lenkomokazi umnyaka wonke. Inkomokazi ezingakaze zizale lazo zihlanganiswa lomhlambi ozalayolapho sezilungele lazo ukuzala. Inkomokazi ezitshiywe lenkunzi zingamitha ngaloba yisiphi isikhathi somnyaka. Leyindlela ilokungathakazelelwayo ukwedlula okuthakazelelwayo kalokhu amathole ezalwa ngaloba yisiphi isigaba somnyaka. Amathole azelwe ngesikhathi esomileyo ayadinga okunye ukudla kalokhu amadlelo ayabe engasela tshani obuya angaphi. Khumbula ukuthi zinkomokazi lamajongosi kuphela ahamba lenkunzi umnyaka wonke, hatshi umhlambi wonke.

Okuhle ngale indlela:

- Umlimi ofisa ukuba lochago umnyaka wonke jikelele uyakwanelisa lokhu nxa ezalisa umnyaka wonke.
- Ukugcina inkunzi emhlambini kuyehlisa izinga lokulwa phakathi kwenkunzi. Lapho kugcinwa inkunzi zodwa ngesikhathi amathole engakafunakali, ziyalwa inkunzi zigcineke nzima, ziqamule intango ziphinde zilimazane.
- Kalokhu inkomokazi zingena esikhathini ngezikhathi ezitshiyeneyo, zizinlutshwana ngesikhathi sinye ngasinye, akudingeki inkunzi ezinengi.
- Amathokazi ahle amithiswe lapho afika isisindo esiqondileyo.
- Ukuthengiswa kwenkomo kungenziwa umnyaka wonke jikelele.

Okubi ngale indlela:

- Kudingakala ukudla okunengi ikakhulu ngesikhathi somqando ukuze zizale kahle inkomo.
- Imisebenzi enjengokuqunywa kwempondo, ukuthena lokudibha kudingeka kwenziwe umnyaka wonke.

Ukuzalisa ngesikhathi sezulu

Ingoxo yeqembu

- Okubi lokuhle kokuzalisa inkomo ngesikhathi sehlobo / sezulu?
- Okubi ngoluhle ukuzalisa inkomo ngesikhathi?

Leyi yiyo indlela ekhuthazwayo kalokhu kulenyanga ezine kuphela zokuzalisa, kuqala kuLwezi kusiya kuMbimbitho:

- Lesi yiso isikhathi kulotshani obunengi obuluhlaza obungadliwa zinkomo ezifuyelwa inyama. Lokhu kuhle kalokhu lokubili inkunzi lenkomokazi kuyabe kusidla kunona ukuze lapho ezihlangana khona zikhiphe amathole aqinileyo.
- Lesi sikhathi sivame ukuba lamathole amanengi.
- Ngenyanga lezi ezine inkomokazi zingena esikhathini kane, ngakhoke ezingamithanga ngethuba lakuqala zisala zilokhu zilamathuba amanye amathathu.
- Inkunzi eyodwa ingamithisa inkomokazi ezifika 25-30 ngalezinyanga ezine.
- Umhlambi ukhangelwa lula njalo kanengi ukuze inkunzi engasebenziyo ikhitshwe kufakwe eyinye.
- Amathole kazalwa ngesikhathi umkhathi ungamuhle, ngakhoke ukudla kubakhona lula. Kalokhu amathole engazalwa umnyaka wonke jikelele, umlimi ubale thuba lokulungiselela imisebenzi enjengo kuthena, ukudibhisa ukulumula lokuquma impondo.

Inkomo ibamithi okwamalanga ayi286-290. Ngakhoke inkomo ingamitha ngoMpalakazi, amathole ayazalwa ngenyanga zabo Mfumfu. Amathole azalwa ngalesisikhathi angcono ngoba:

- Umkhathi uyakhudumala njalo womile. Lamathole katholi mikhuhlane ebangelwa ngumqando.
- Izibungwana ezihlasela inkomo azivamanga ngalesisikhathi kalokhu kungela zulu ngalesisikhathi.
- Amathole ayamunya kubonina okwenyanga ezimbalwa, ezingabantathu, kodwa lapho zikhitshwa embeleni, kulotshani obunengi obuhle bokudla.

Qedani lesisibanga ngokuxoxa ngemibuzo elandelayo.

Ingoxo yeqembu

- Ufundeni kulesisigaba?
- Uzasebenzisa njani izinto owazifundayo epulazini lakho.

Ukugcinwa kwamathole



Injongo yemfundo

- Zwisisa ukuzalwa kwamathole.
- Zwisisa ukuqakatheka kokumunyisa ithole uchago lukanina lokuqala.
- Yazi amanyathelo okugcina amathole kusukela kuzalweni kusiya ekulumulweni.



Ingxoxo

- Yiziphi indlela ozaziyo zokugcinwa kwamathole ozaziyo.
- Bhala pharisi lezindlela ngokuqakatheka kwazo.

4.1 Isiqalo

Ukufa kwamathole kubangela ukulahlekelwa yimali enengi. Ukugcinwa kwamathole kudinga ubuciko obukhulu. Kuqakathekile ukudinga umuntu ololwazi nxa wena njengomlimi usuhlangane lohlupho onganelisi ukuluqondisa. Singakafiki isikhathi sokuthi inkomokazi zizale, lungiselela indawo yamathole yokuhlala, ukudla lamanzi kubekhona ngobunengi. Lokhu kuyavikela ukufa kwamathole okuyikho okubangela ukulahleka kwemali enengi.

4.2 Ukulungiselela ukuzalwa kwamathole.

Ingxoxo

- Mikhuba bani oyaziyo eyokukhangelwa kwenkomokazi lapho zizala?
- Malungiselelo bani aindingeko?

Ulwazi luyadingeka ukuze wazi nxa inkomokazi izadinga ukuphathiswa lapho izala. Izibonakaliso ezivamileyo lapho inkomokazi isisele lamaviki ayisithupha isizazala yilezi:

- Ingaphansi ibonakala ivuvukile;
- Imbele ibankulu.

Ukuzala kuyinitho engalula. Ukuzala okungela hlupho kwenzakala kanye, kodwa kwande ukwehlukaniswa ngezigaba ezintathu lapho sekuchazwa.

- Isigaba sakuqala, inkomo idinga indawo ethuleyo lapho enganelisa ukuba yodwa. Inkomokazi ibonakala isebuhlungwini, kukanti ingaphansi ibonakala ichinca.
- Isigaba sesibili, umkhandlo wokuzala uvuleka ithole liqale ukuphuma, kubangele ukuthi isibeetho sibophane ngamandla ukuze ithole liphume, kuphethe selizelwe ithole.
- Isigaba sesithathu, Obekugoqele othole kuphuma ngemva kwamahola angabayi 8-12.

Nxa inkomokazi ingazali kahle, ungayiphathise, kodwa uqaphele ukuthi ulalokhu okulandelayo:

- Isepa lamaglovisi.
- Intambo zokudonsa ithole.
- Imithi edingakalayo oyiphiwe ndudokotela wezifuyo zakho, kunye lenalithi zokuhlaba inkomo.
- Hlala ulocingo lukadokotela ukuze uphange umdinge unganglangana lohlupho.

Ungabalobunzima lapho uphathisathisa inkomokazi ukubeletha, phngisa udinge udokotela wezifuyo osesigabeni sakho.

4.3 Ukugcinwa kwamathole kusukela kusikhathi sokuzalwa kusiya kwesokulumulwa

Ingxoxo yeqembu

- Nhlupho bani ohlangana lazo ekugcineni amathole emhlambini wakho?
- Mikhuhlane bani evame ukuhlasela amathole?
- Ngenxa yani amathole efuze emnyiswe esanda ukuzalwa.

Isigaba sakuqala: Isikhathi inkomokazi imithe

Okwenyanga ezimbili ezandulela ukubeletha, inkomokazi iyehlisi, ukuze lungiselele isikhathi sokumunyisa. Kuqakathekile ukuthi inkomokazi igcinwe kahle, iphiwe ukudla okuqondileyo ukuze ithole likhule kahle, uchago lubelunengi lapho isincelisa, lokuzala kube lula kungabi lenhlupho ezinengi.

Inkomokazi nxa sisondele isikhathini sokubeletha, kayigcinwe endaweni ehlanzekileyo, lapho engakhangekhangelwa khona lula ukuze usizo lutholakale nxa ludingeka, lapho isizala.

Isigaba sesibili: Isikhathi kusukela ithole libelethiwe, kusiya lapho lilumulwa

Ithole liyakhothwa ngunina lapho lisanda kuzalwa. Lokhu kusiza ukuhlamba amakhala alo ukuthi ahlanzeke, ukuze impompi zomoya zivuleke. Inkomo zenyama zandise ukuzalela eguswini, ngakhoke abelusi kumele baqaphele ukuthi inkomokazi ithola ithuba elihle lokwana lonina ngokulekela unina alikhothe.



Umfanekiso wenkomokazi imunyisa ithole yalo

Ukupha ithole uchago lwakuqala (*colostrum*)

Lapho ithole lizalwa, amasotsha omzimba awakabikhona. Uchago lwakuqala lukanina lulamasotsha angalivikela ithole kuze kufike ithuba lapho selingazenzela awalo. Uchago lolu lujiyile, lulombala olithanga. Isikhathi lapho ithole elithola khona lesisivikelamzimba siqakathekile, kalokhu kuzakhombisa ukuthi lamasotsha azakwamukelwa na ngumzimba. Uchago lolu kalunathwe imzuzu eyi15 ingakadluli. Ngemva kwamahola ayi12, ithole alisanelisi ukusebenzisa lamasotsha.

Ukukhangela impilakahle yethole

Lokhu kuqakathekile ekugcinweni kwethole:

- Hlabisa amathole akho ukuze uwavikele emikhuhlaneni evamileyo esigabenini sakho.
- Lapho ithole selinyanga ezintathu, lihlabisele *iBrucellosis* le *Blackleg*.

Isihudo

Amathole avame ukuhlaselwa yisihudo. Imbangela ingaba yikupha amathole uchago olunengi kakhulu, loba ukungabikhona kochago lwakuqala olulamasotsha omzimba. Ukwenqabela isihudo, nanzelela okulandelayo:

- Ithole kalimunye uchago lwakuqala.
- Qaphela ukuthi ithole kalihlukuluzeki ngaloba yiphi indlela.
- Xoxisana lodokotela wezifuyo lapho kuluvilibana okudingeka ukwenze ukunakekela amathole.

Okulandelayo kumqoka ukuze amathole akhule kahle:

- Amathole kafakwe impawu lapho ezalwa ukuze nanzeleleke lula.
- Amathole kahle elamanzi ahlanzekileyo.
- Qaphela imikhuhlane engahlasela amathole, uphange uwelaphise.
- Anduna kathenwe engakafiki amalanga ayi30.
- Impondo kaziqunywe inyanga ezimbili zingakapheli.
- Hlabisa inkomo zakho uzivikele emikhuhlaneni evamileyo esigabeni sakho.

Ingxoxo yeqembu

- Kungani kuqakathekile ukupha ithole uchago lwakuqala ihola lingakedluli?
- Isihudo sibangelwa yini ematholeni?
- Ungenzani ukuvikela amathole ezinambuzaneni ezingabangela isihudo?

Ukukhangelwa kwenkomo mihla ngemihla



Injongo yemfundo

- Ukuzwisa imikhuba yokukhangelwa inkomo edingeka emihlambini yenkomo zenyama.
- Ukuzwisa ubuhle bokuquma impondo zenkomo.
- Ukuzwisa ukuqakatheka lendlela zokulumula amathole enkomo zenyama.
- Ukuzwisa ukuqakatheka kokudibhisa lemithi esetshenziswa edibheni.
- Ukwazi izibungwana ezihlasela inkomo ngaphakathi lendlela yokuziqeda lezi zibungwana.
- Yabela abanye abamini benkomo olwazi lokukhangelwa kwenkomo mihla ngemihla.

5.1 Isiqalo

Umsebenzi weqembu

- Xoxani ngendlela ezisetshenziswayo ukunakekela inkomo ezisemhlambini.
- Bhalani ngamafitshane ngale mikhuba, libhale liqale ngeqakatheke kakhulu.

Ukukhangelwa inkomo mihla ngemihla kujonge ukuthi inkomo zibe ngeziphile kahle. Nxa kunakekelwa inkomo, kukhangelwa iminyaka yayo, ubukhulu bomzimba lesigaba sokukhula ekiso. Imikhuba ejayekileyo yikuqunywa kwempondo, ukuthena, ukulumula, ukuhlabisa ukupha izifuyo ukudla lokubulala ezinye ukuze umhlambi uphunguke.

Kulokhu ebelixoxe ngakho, qathanisani lalemisebenzi ebhaliweyo: ukuthena, ukuquma impondo, ukulumula, ukuhlabisa, ukupha ukudla lokuphungula umhlambi.

5.2 Ukuthena.


Ingxoxo yeqembu

- Kuyini ukuthena?
- Uwathena kanjani amathole akho?
- Wazi ndlela bani zokuthena, njalo usebenzisa yiphi?
- Kuqakatheke ngani ukuthena amathole anyiduna?

Ukuthena yikukhipha izitho zokwandisa umhlambi enkomeni enduna. Zonke inkomo zenyama ezingasoze zisetshenziswe ukwandisa umhlambi kumele zithenwe. Amathole athenwa ukuze agcineke lula, kungabi lokuhlanga kwawo lezinsikazi lapho kungadingeki. Umsebenzi wokuthena ungenziwa ubelula ngokuthena inkomo zisasencane.

Indlela zokuthena

Zinengi indlela ezingasetshenziswa kumlimi ezokuthena. Lezi yi *Rubber Ring Elastration* le *Buddizzo*.



IRubber Ring Elastration

Kule indlela isaka lesende ligoqelwa ngerekeni entanyeni yalo. Ksetshenziswa into enjengesigelo ukuze isitho sonke sigoqeleke. Kuqakathekile ukuthi leyi rekeni yakhe umkhandlo phakathi kwamasende lalapho isaka lesende elithinta umzimba. Yekela irekeni izihlalele ngikunjalo. Lokhu kuquma imithambo yegazi eyakulezizitho zomzimba, besezikhithika ngemva kwesikhathi esingangamaviki amathathu. Kuthazwa ukuthi lokhu kwenziwe ematholeni amacane kulenyanga eyodwa.

Ibuddizzo

